¹⁰⁰ Umuntu kazwisisi ukuthi kungani abantu bememeza. Umuntu kazwisisi ukuthi kungani ulimi lomuntu lutshintsha njalo akhulume ngendimi. Umuntu wenyama kenelisi ukubona ukuthi inkazimulo kaNkulunkulu ibuya njani phezu kwamehlo omuntu, futhi abone umbono futhi atshele umuntu izinto ezithile, njalo lokuthi enzenjani; batshele izinto ezilungiselela ukwenzakala, lokulungisa eseziza kwenzakala, njengalokho iNkosi esenzele khona lapha izolo ebusuku, njalo. Bona? Bona? I—ingqondo yenyama izama ukukubonisisa. “Awu, uyenzeni? Kumba, usebenzisa masalamusi bani? Luhlobo bani lwesalamusi alalo?” Ukubona umuntu ekhuluma ngendimi, bathi... futhi omunye achasisa njalo akhulume xhathu elungeni elithile loMzimba lokho abakwenzileyo, njalo lalokho abangamelanga bakwenze. Bona? Bona? Bacabanga ukuthi luhlobo oluthile lwesalamusi. “Kulento ethile abayihlelileyo phakathi kwabo.”

¹⁰¹ Abangeke bakuzwisisa umuntu lowo aze azalwe kutsha. Lapho esezelwe kutsha, usesendleleni yobudlelwano, ngoba useyindalo entsha. Lokho kucabangela okudala, imvelo yokuthandabuza akade eyiyo, isifile. Khathesi, useyindalo entsha. Ngakho, liyabona, yena akudingakali ukuthi engezelele eyinye into kuye, khathesi, ngoba kuzazingezelela kodwa.

¹⁰² Nanzelela, kumele uzalwe kutsha. Futhi nxa usuzelwe kutsha, kawungeke uzalwe kutsha ungelakholo. Kuqondile lokho. Ngakho, uyabona, kulokho etshathini yami lapha, ngilaso sona isisekelo, ukholo luyisisekelo sakho konke. “Ngoba kungela kholo akweneliseki ukumthokozisa uNkulunkulu. Lowo ozayo kuNkulunkulu kumele akholwe ukuthi Ukhona, njalo Uyapha kulabo abamdinga ngokukhuthala.” Bona? Kumele abe njalo. Futhi uba ungothandabuza iBhayibhili, uba uthandabuza iLizwi ukuthi liqondile, kungaba ngcono nje uzihlalele emuva uze uqalise ukulikholwa kuqala.

¹⁰³ Kuyini isono? Ukungakholwa. Kulezinto ezimbili ezibusa umuntu. Yikho ukuthandabuza kumba ukholo, okunye kumba okunye kwakhona. Ubanjwe yilokho okubusa impilo yakho. Kuya ngokuthi ulokholo olungakanani, ukuthi ungaphakama okungakanani.

¹⁰⁴ Kodwa, kuqala, kumele kube lukholo. Ake ngihlale kuleso sisekelo okwesikhathi. Manje, ukholo yikho okumele ukukholwe. Ukholo yilokho... “Ukholo luyikuqiniseka ngezinto ezithenjweyo.” Ku, usulakho nxa ulokholo, ngoba kwanjulwa ngokholo. “Ukholo luyikuqiniseka kwezinto ezithenjweyo,” amaHebheru 11, bona, “ubufakazi.” Yikuyini? Yibufakazi obunjani? Ubufakazi obungcwele.

¹⁰⁵ Ngakhoke, nxa usithi, “Mfowethu Branham, ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu unguMsilisi.” Kulungile, uba ukholwa lokho, futhi uMamukele njengoMsilisi wakho, futhi ungaqambi amanga, kodwa ukholwa sibili ukuthi ngamanxeba aKhe

usilisiwe, akulalutho oluzakususa kukho. Yindaba eqediweyo. Khathesi ungaba lethemba, uqhubeka ubaleka usiya *kulokhu* njalo ubaleka usiya *kulokhuyana*. Kodwa nxa ulokholo, uyakwazi, ngoba yibufakazi. Usuvele ulakho. Ngangi. . .

¹⁰⁶ Bangaki, loba ngubani, ozwe uOral Roberts lamuhla ekuseni, etshumayela lamuhla ekuseni, uOral Roberts? Ngi—ngimzwile ekhuluma okuthile kumbe okunye mayelana lokuthi Kwaku lokholo, olokukhululwa, ukuthandaza umthandazo wokholo, wokukhululwa. Uthe, “Thinta ngokubamba umsakazo, thinta ngokubamba okunye, ukuze. . .” Indoda leyo ibisenza njalo, ukuze kuphe abantu into abangabeka izandla zabo phezu kwayo. Into, uthi, “sengikuzuzile khathesi, ngoba ungitshele ukuthi ngibambe umsakazo wami. Sengikuzuzile.” Bona? Khathesi, lokho kulungile. Kodwa, khathesi, ukholo oluqotho aludingi ukuthinta loba yikuphi kwalezozinto. Manje, kangisoli uMfowethu uOral, hatsi ngitsho. Uyenza umsebenzi omkhulu, njalo ngumuntu olobunkulunkulu, njalo ngi—ngileqiniso ukuthi ngicabanga kakhulu ngo Oral Roberts. Kubi ukuthi kasilabo abanengi abanjengaye.

¹⁰⁷ Kodwa engizama ukukutsho, ukuthi—ukuthi, ukholo kaludingi lutho. Bona? Ukhohlo lukholwa iLizwi lika Nkulunkulu. Ngoba ukholo lubuya ngoku “bamba”? Hatshi. “Ukhohlo luza ngokuzwa, njalo lokuzwa iLizwi lika Nkulunkulu.” Lokho kuyalugxilisa. Kulapho. Bona? Futhi ukholo, njengoba kutshiwo, alula mango kulo. Ukhohlo lukhathesi. Ukhohlo lulapha. Khathesi njengokuthi nxa kukhona umuntu othile. . .

¹⁰⁸ Lowana umntwana omncane, kolunye usuku. Umama lowana uDade Kidd labanye akade bekhuluma ngaye, obelo sane oluncane olulo kwangaphakathi okuphumele phandle, kungela sikhala endaweni ephuma incekeza, ukwenzela ukukhipha ukudla. Khathesi, lelinina, lisizwa uDade Kidd labanye befakaza, ekholwa ukuba engathintana, njalo ngithandazele lowomntwana. Khathesi, bona, uNkulunkulu uyasispha abantu. . .

¹⁰⁹ Abanye bethu silezenzakalo loNkulunkulu, ezi—eziqotho okokuthi uNkulunkulu unjengokuhamba lapha, okufanana, lokukhuluma loMfowethu Neville kumbe omunye omjwayeleyo. Futhi kwezinye izikhathi siyabacela labo bantu ukuthi basithandazele. Yikho okumele sikwenze. Ngakho uba silokholo lokuthi leyondoda kumbe umfazi, loba ngubani osithandazelayo, ukhuluma loNkulunkulu, ngakho ukholo lwethu luyagxila. Luyabanjwa. Udaba solungisiwe.

¹¹⁰ Lapha. UmRoma waphuma esiyahlangana loJesu. Futhi wathi, “Ka—kangifanele ukuthi Ubuye phansi kophahla lwami. Kangifanele. Ka—kangifanele. Futhi ka—kangi. . . ka—kangizibali ngaleyo ndlela. Kodwa,” wathi, “indodana yami

iyagula kakhulu. Futhi Wena khuluma iLizwi kuphela, bona, njalo indodana yami izaphila.”

111 Kwaye kuyini? Umango kawenzanga mahluko. Bona? Ngoba, uNkulunkulu usendaweni yonke. UNkulunkulu ulamandla onke. Futhi yonke indawo uNkulunkulu ukhona, amandla onke akhona. Futhi uNkulunkulu, njengoba esendaweni yonke, lokho kwenza uNkulunkulu abe kuyo yonke indawo, emhlabeni wonke. Bona? UNkulunkulu umkhulu eGermany, eSwitzerland, laphansi eAfrica, kuwona lowu umzuzu, njengoba eLapha. O! Nanko ke.

112 Ngakho manje wathi, “kangifanele ukuthi Ubuye endlini yami. Khuluma nje iLizwi.” Kwakuyini? Kwaku yikukholwa komRoma. Wakukholwa.

Futhi uJesu wathi, “Hamba indlela yakho. Indodana yakho iyaphila.”

113 Futhi wahamba, uhambo lwamalanga amabili. Futhi ngelanga elalandelayo, engakafiki endlini, wahlangana lezinye inceku zakhe zibuya. Futhi bathi, “Indodana yakho iyaphila.”

114 Futhi umRoma wajabula kakhulu, waze wathi, “Ngasiphi isikhathi selanga lapho aqalise khona ukuba ngcono? Kusiphi isikhathi selanga?”

Wathi, “Ngehola elingaba ngeletshumi lanye, uqalise ukuba ngcono.”

115 Futhi umRoma wabakwazi ukuthi yisonaleso isikhathi lapho uJesu owathi, “Indodana yakho iyaphila,” njalo wayekholiwe. Amen.

116 Olamandla onke, okuyo yonke indawo, lolwazi lonke, ongelasiphetho, nguNkulunkulu lowo. Ngakho, nxa betshaya ucingo njalo bethi, “Thandaza!” Lokho kuthinta! Futhi ukholo lwakho luletha uNkulunkulu. Yikho okuletha umthandazo loNkulunkulu, ndawonye, enkundleni. Umthandazo! Ukholo luyaguqula kusukela *lapha* kusiya *lapha*. Kukuletha ndawonye.

117 “Khuluma iLizwi. Engifuna ukuthi Ukwenze yikukhuluma iLizwi, njalo yonkinto izalunga.” Bona, akudingakalanga ukuthi Abe khonapho. “Khuluma nje iLizwi.” Ngani? UNkulunkulu ukuyo yonkindawo. Ulamandla onke. Ulamandla afananayo engaphansi komhlaba njengalokho Ephezu komhlaba, kumbe kuloba liphi icele. Ungu Nkulunkulu. “Futhi into kuphela Omele uyenze yikukhuluma nje iLizwi,” yena watsho.

118 Futhi, khathesi, ukholo luyenza konke okunye kwakhona. Ukholo luyenza okunye kwakhona. Ngakho kufanele ube lokholo njengesisekelo. IsiKhristu sonke, konke oyikho khona, konke ozakuba yikho, kwelamele kukholo eLizwini. Yiso isizatho ngikholwa iLizwi. Bona?

119 Kangingeke ngibeke ukholo lwami kweyinye into. Aluba ngangizalubeka ebandleni, ngangizalubeka kuliphi ibandla:

iKatolika, iLutheran, iMethodisti, iBaptisti, amaPentekhostali? Ngangi zalubeka ngaphi? Kangikwazi. Bonke bayaxabana lakho konke, bayaphendulela imizila, lakho konke.

¹²⁰ Kodwa ngingafaka ukholo lwami eLizwini laKhe, solugxilile. Akulamuntu Olichasisayo. Nanku khona, ITSHO KANJE INKOSI. Yikhoke ngikholwa Lokho. Yikho okulesisekelo.

¹²¹ Udokotela omncane olungileyo phansi lapha edolobheni, umngane wami, uDokothela Sam Adair. Sakhula sonke singabafana. Lonke liyamazi uSam. Futhi yena wathi kimi, wathi, “Bill...” Ngemva kokubuya kwalumbono, ngamtshela lapho ayezakwakha khona indawo yakhe, ukuthi yayizakhangeleka njani. Khathesi ngena lapho, umbuze kwesinye isikhathi ukuthi lokho akusilo qiniso yini. Imnyaka embili kumbe emithathu kungaka yenzakali, ngamtshela ukuthi kwakuzaba ngaphi. Ngathi, “Uzaphose uthathe yonke iblokhu yedolobho.” Futhi akula ngaphandle kokukodwa phakathi kwakhe lakho, njalo yileyo ndawo eyokwe laphela izigoga. Udokotela Adair uthethe konke, lesitolo semithi. Yikho konke. UDokothela Adair wagewalisa lokho sibili, lowo umbono. Lapho, indawo athi, “Kayisoze ithintwe okweminyaka engamatshumi amabili lanhlanu. Kuse mthethwandaba.”

¹²² Ngathi, “Dokotela, iNkosi ikunikile, ngenxa yokuzehlisa kwakho.”

Wathi, “Kangilunganga.”

¹²³ Ngathi, “Ulufudu oluhlala emanzini. Ulogebhezu ngaphandle, ixolo lokuthi uyakhangela abangani bakho phandle lapha, kodwa ngaphakathi uyindoda sibili. Phuma kulolo gebhezu.” Ngathi, “uNkulunkulu ukunikile.”

¹²⁴ Yena wathi, “Kangikaze ngikuthandabuze, Billy, kodwa kuzamele ngikuthandabuze lokho.”

Mina ngathi, “Hamba ehofisini yakho.” Futhi waphuma wahamba.

¹²⁵ Ekuseni okwalandelayo, wangifonela, wathi, “Sengiqandelwa okokufuna ukufa.”

¹²⁶ Mina ngathi, “Kuyini osokuhluphile?” Kwaku yinyanga ka Ntulikazi. Ngathi, “Kuyini osokuhluphile, Doc?”

¹²⁷ Wathi, “Singiyithengile indawo leyo, Billy. Babe lomhlangano izolo ebusuku eBoston, njalo ngiyithengile indawo lamuhla ekuseni.”

Ngathi, “Ngakutshela.”

¹²⁸ Ngangi phansi khonale ngelinye ilanga, ngikhuluma laye, lapho umbhobho ungidubukela ebusweni bami. Wathi, “Ngicabanga ukuthi lokho sengikutshela abantu

abayinkulungwane ababuya lapha, kanjalo.” Kuyini? Manje, nxa uNkulunkulu ekhuluma loba kuyini, kumele kwenzakale.

¹²⁹ Izolo ntambama abanye abangane bami babuyile. Kade bezwe ngombono omayelana lekhari bou eyayile mpondo ezinde amaintshi angamatshumi amane lambili, njalo ibhere eliyimpunga obucwazi cwazi. Kangikwazi ukuthi bangaki abantu ababuye endlini, befuna ukubona lokho. Mina ngathi, “Nanko okokulinganisa ngakho. Hambani empondweni.” Bakuzwa kukhulunywa kungaka yenzakali. Bona? Ngani? Uba uNkulunkulu ekhuluma ulutho, kufanele lwenzakale. Yiso isizatho, kusekelwe.

¹³⁰ Khathesi, *nansi* ipulani yosindiso. Futhi uba umbono waKhe wenzakala ngokuqondileyo, ngendlela owathi Kwaku zokwenzakala, njalo lelibandla lapha liyakwazi ukuthi kuqondile lokho, ngakho kunjani ngeLizwi Lakhe? Bona? Liqinisekile okudlula umbono. Uba umbono ungakhulumanga kanye ngeLizwi, ngakho umbono uphambanisekile. Kodwa liLizwi, kuqala, ngoba iLizwi nguNkulunkulu. Bona? Ngakho, Ungokhona yonke indawo. Wakhuluma lokho lapha, wayenza kwagcwaliseka eCanada. Ameni. Bona, Ungokhona yonke indawo. Kulungile.

¹³¹ Kuqala, kufanele uzalwe kutsha. Futhike nxa usuzelwe kutsha, usulokholo; uyakholwa iLizwi. Ungakazalwa kutsha, uyabe uphikisana Lalo. Nxa useyama okwenkolo, njalo—njalo ulo u—u—ulwazi oluncane lwabantu lokuthi kumele wenze kuhle, kawusoze wenelise ukuvumelana le Lizwi likaNkulunkulu. Kawusoze ukwenze. Kumele uzalwe kutsha. Futhi, ukuzalwa kutsha, kuletha ukukholwa. Kulungile. Ngakho, ngemva kokuthola ukholo, lokhu okulapha, u-k-h-o-l-o, ukholo, lapho ke ususe ndaweni yokukhula.

¹³² Khathesi, abantu abanengi baya hamba elathini, njalo bathandaze, njalo bathi, “Nkosi, ngixolele.” Futhi isenzakalelo esikhulu sokuhlanjululwa siyafika kubo, lokunye. Ubususiba lesikhathi esikhulu, uphakame uye elathini, umemeza. Uyabuyela, uthi, “Kabusiswe uNkulunkulu, sengikutholile.” Hatshi, uqalise nje endaweni lapho ongakhula khona. Kakukabi lolutho osulwenzile. Bona? Into kuphela oyenzileyo yikubeka isisekelo.

¹³³ Khathesi usuya kwakha indlu, njalo ubusuthela isisekelo, uthi, “Mfana, sengimtholile.” Bona? Uthole isisekelo sokwakhela indlu yakho. Khathesi sekumele wakhe indlu.

¹³⁴ Khathesi yikho lapho okungenxa khona linto, ekuseni lokhu, esizakhuluma ngayo khathesi. Kulungile. Indlu, lesisisekelo yiso esiqalayo. Kuyini isisekelo sesiKhristu? Ukhulo eLizwini lika Nkulunkulu. Yiso isisekelo sakho. Ubusuqalisa ukukhula. Ubusuqala, uyaqala ukungezelela kulesisisekelo.

¹³⁵ Khathesi, ukwakha indlu, uyaphakamisa imiduli yakho lakho konke. Mfowethu Wood, labanye balaba ababazayo labokhontilaha lapha bangasitshela ukuthi sakhe njani indlu yakho. Bona? Kodwa ngizalitshela ukuthi lakhe njani indlu yenu kamoya, lapho uNkulunkulu angahlala khona. Ufuna ukuhlala kuwe. Ufuna ukukwenza ube njeNgaye. Ufuna wena ukhanyiswe, utshengise, uba singatsho, uBuntu Bakhe.

¹³⁶ Liyakwazi, ezikhathini zasendulo besalungisa igolide, bengakabi lendawo zokulitshisa ukuze balitshise, babe likhanda igolide, bakhande bakhuphe ingcekeza, insimbi lekhopa lokunye, kuphume, futhi baqhubeke belikhanda, futhi baliphendulele, futhi belikhande. Ama India bayakwenza lokho khathesi, ukukhanda igolide, futhi baya likhanda. Liyakwazi yini ukuthi babebona njani ukuthi yonke insimbi isiphumile kulo, layo yonke ingcekeza lokunjalo, lengekeza sekuphumile kulo? Lapho umakhanda esezibona umfanekiso wakhe, njengesibuko, kulo. Lalihlambulukile likhanya okokuthi laselitshengisa umakhanda.

¹³⁷ Yiyo indlela uNkulunkulu ayenza ngayo. Uyathatha igolide Aselitholile emhlabeni, futhi Alikhanda, ngoMoya oNgcwele, aliphendulele, aliphendulele futhi, aliphendulele futhi, abelokhe elikhanda kuze (Uyamukela) Aze abone umfanekiso Wakhe. [Umfowethu Branham waqakeza izandla zakhe kanengi ekhuluma lawamazwi onke—Mhl.]

¹³⁸ Futhi yikho okumele sikwenze, ukukhanyisa iNdodana kaNkulunkulu. Futhi khathesi kumele senze umsebenzi Wakhe. Yena wathi, “Lowo okholwa Kimi. . .” UJohane oNgcwele 14:7, “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi engiyenzayo laye uzayenza.” Usuqalisa ukukhanyisa imisebenzi kaKhristu.

¹³⁹ Kodwa inengi lethu sizama ukwenza imisebenzi kaKhristu ukukhanya kukaKhristu kungakabi kithi. Nanto ke uhlupho. Siyazithola lezozinto zisenzakala. Uyakwazi. Ngiyakwazi. Siyakubona lokhu, ukukhubeka endleleni. Siyathola abatshumayeli beyinqumbi yezibi, amaKhristu, eyinqumbi ebuthene emgwaqweni, ngesizatho sokuthi kabangenanga kuhle kukho.

¹⁴⁰ Futhi yiso isizatho ngilapha ekuseni lokhu, yikuzama ukufundisa lelibandla elincane, kunye lami, ukuthi singaba njani indlu yokuhlala kaNkulunkulu ophilayo. Bangaki abafuna ukuba njalo? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Indawo yokuhlala kaNkulunkulu ophilayo!

¹⁴¹ Manje nanku esikwenzayo. Kuyini okuqalayo? Woba lokholo njalo uzalwe kutsha. Lokho yikubeka isisekelo.

¹⁴² Ngakhoke, ngemva kwalokho sesibekile isisekelo, okwesibili uyangezelela kusisekelo sakho. “Ngezelela ekholweni lwakho,” uPhetro watsho lapha. Ngezelela eku. . . Okwakuqala uba lokholo, ubusungezelela amandla ekholweni lwakho. Lesi

yisigaba esilandelayo. Ekuqaliseni, beka isisekelo sakho, ukholo. Ngemva kwalokho, kukholo lwakho, ngezelela amandla.

¹⁴³ Manje, khonapho kuyawisela phansi inengi lethu. Yebo, mnumzana. Yebo. “Ngezelela amandla ekukholweni kwakho.” Lokho akutsho nje ukuphila impilo emsulwa, liyakwazi, njengowesifazane kumbe owesilisa, lokunjalo njalo. Lokho akulalutho lokwenza lakho.

¹⁴⁴ IBhayibhili lathi, sibalile lapha eNcwadini kaLukha, lapho Ethe, “Amandla aphuma Kuye.” Kuyikho yini? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Uba sizakuba njeNgaye, kumele sibe lamandla, kanjalo. Kumele sibe lawo, ukuze sibe njeNgaye. Yiyo ingoma eyakuqala engayithandayo, e—ezihlabelweni, eyinye kwezinkulu, ngethi, *UKuba Njengo Jesu*. Kulungile, uba ngizakuba njengoJesu, kumele ngibe lamandla, lendlela yokuthi enelise ukudlulela phambili esuka kimi esiya ebantwini. Ngoba, “Amandla aphuma Kuye aya ebantwini.” Amandla! Futhi ungaka waphumiseli phandle, kumele uqale ubelawo. Uba ungalawo, kawasoze aphume. Akulandawo angaphuma evela khona.

¹⁴⁵ Kungaba njani uba omunye engazama ukudonsa amandla esuka kithi, futhi itsheki iphenduke “akula mali eneleyo”? Bona? Hatshi, hatshi, akula angathathwa khona, itsheki isiphendukisiwe. Omunye okukhangeleyo njengo mKhristu, futhi kusasa akubone phandle lapha uqhubeka phambili njengesoni, akula mandla amanengi angadonswa lapho. Bona? Kulungile.

¹⁴⁶ Amandla amele abe kithi. Futhi size sithole amandla... Ngakho sesithole amandla aweqiniso, singa wengeza ekukholweni kwethu. Yiso isisekelo somduli esilandelayo. Manje, kuqala kumele ube lokholo. Ukholo lulodwa kalusoze lukwenze. Kumele...UPhetro wathi, “Ngakho ngezelela amandla ekholweni lwakho.” Kumele ubelamandla, ukuze uwangezelele ekukholweni kwakho.

¹⁴⁷ Manje, ngakho, kungaba, yisizatho ungelakho, ngoba amabandla amanengi awakhathesi afundisa ukuthi kawumelanga ubelakho, kumbe insuku zakho sezadlula. “Kabadingi ukuthi babelakho. Into kuphela omele uyenze yikujoyina ibandla nje. Ye, insuku sezidlulile.”

¹⁴⁸ Amandla, loba ngubani uyakwazi ukuthi ibala elithi amandla litshoni, bona, futhi kufanele sibelawo. Nxa amandla aphuma Kuye, ukuze asilise owesifazane owayegula, Ukhangelele amandla afananayo eBandleni Lakhe, ngoba Waye yisibonelo kithi. Futhi uba Waye lamandla awokupha abantu, Ukhangelele ukuthi thina sibelamandla awokupha abantu. Futhi kuyini amandla? Amandla yikuqina, amandla.

¹⁴⁹ Abanye babo kabakholwa ngitsho emandleni kaNkulunkulu. Bathi, “Lokho—lokho—lokho sokwadlula. Into kuphela omele

uyenze yikufaka ibizo lakho encwadini, njalo ufafazwe, kumbe uthelwe, kumbe ubhaphathizwe, kumbe loba yikuphi. Futhi yikho kuphela omele ukwenze.”

¹⁵⁰ Kodwa uPhetro watsho lapha, “Ngezelela amandla.” Khathesi, uPhetro ukhuluma ngokwakha iNdlu kaNkulunkulu, bona, iThempeli likaNkulunkulu, ukuyilungisa kufike kweyinye indawo. Futhi ngemva kokuba lamandla, kufanele ube... Ngemva kokuba lokholo, kufanele ube lamandla kanye lalo. Kuqondile lokho. Woba lamandla awomhlaba wonke.

¹⁵¹ Ngatshumayela intshumayelo imnyaka engaba ngamatshumi amabili adlulayo, ngiyacabangela, ngo Rev. Mnu. Mduze. UMduze, umalusi. Ngakuthatha kusihloko sendaba lapho uJesu owathi, “Khangelani umduze, ukuthi kawutshikatshiki kumbe ukuphatha. Kodwa Ngithi kini, uSolomoni kuyo yonke inkazimulo yakhe wayenga hlotshiswanga njengo munye wawo.”

¹⁵² Khangela umduze. Uvela phansi emadakeni. Futhi kuwo wonke umzuzu welanga kumele udonse kusukela emhlabeni. Bona? Futhi wenzani ngamandla lawa owadonsayo? Uyawapha. Wenza ukukhangeleka okuhle kulowo obukayo. Uyazivula ukwenzela uluju, ukwenzela inyosi ukuthi ibuye ithathe isabelo sayo. Kawu khononi. Ulakho, okokupha. Kasithi inyosi iyafika lapho; akula mali eneleyo, akula luju? Leyo nyosi encane inganwaya ikhanda layo futhi ithi, “Ngumhlobo bani womduze lowu?”

¹⁵³ Uba umuntu ezihambela, ezama ukudinga insindiso, ahambe ebandleni elikhulwa ukuthi insiku zezimanga sezadlula?

¹⁵⁴ Njengo Jack Coe owake wathi. Engena endaweni yokudlela, futhi waphiwa iphepha elikhulu elitshengisa okokudla abakuphekayo; waqalisa ukulibala esehla, amaT-bone steak lokunjalo. Wathi, “Ngizathatha iT-bone.”

“Awu, lokho kade kungo kwayizolo. Kasilakho.”

¹⁵⁵ Ngingahle ngibeke phansi lelophepha elitshengisa okokudla abakuphekayo ngiphume, bona, kuqondile lokho, ngoba abalakho okokudla, loba kanjani. Ngakho kungaba ngcono uye endaweni yokudlela elakho okokudla.

¹⁵⁶ Futhi umuntu kamoya, ekhula, ufuna okuthile okokudla. Lokho yiLizwi likaNkulunkulu. Ngiyakholwa iLizwi Lalo lonke.

UNkulunkulu ulethafula elendlaliweyo lapho abangcwele bakaNkulunkulu abadla khona, Uyanxusa abantu Bakhe abakhethiweyo, “Wozani lizokudla.”

Ngemana Yakhe Uyabapha ukudla, Uyasipha yonke indingo yethu, O, kumnandi ukudla loJesu sonke isikhathi.

157 Kuqondile lokho. Yebo, mnumzana. Ulakho Khona. IBandla lilaKho, iBandla likaNkulunkulu ophilayo, elakhelwe kulowu umuntu opheleleyo, ngolwazi lukaKhristu. Manje, manje kumele ube lamandla.

158 Ngathike, into yokuqala uyazi, ukhona othanda ukunukisa umnuko. Kazicabangeli okwakhe. Ulomnuko. Engaka khuphi umnuko, kufanele abelawo. Engakakhuphi uluju, kufanele abelalo. Engakakhuphi ubuhle, kufanele abelabo.

159 Wena ungakakhuphi amandla, kufanele ube lawo. Ngakho, ngezelela kukholo lwakho, amandla. Ameni. Liyazwisisa? Singahlala kulokho okwesikhathi eside, kodwa isikhathi sethu siyasibalekela. Ukungezelela amandla ekholweni lwakho. Manje ke, okwakuqala lukholo, kulandele amandla.

160 Futhi ke, okwesithathu, uyangezelela ulwazi. Ulwazi, khateshi, lokho akutsho ulwazi lomhlaba, ngoba lobo buyibuwula kuNkulunkulu; kodwa ulwazi lokwahlulela, ukwahlulela (okuyini?) okulungileyo kokubi. Ukwahlulela njani, ke, uba ulolwazi lwesiKhristu lamandla lokholo lwakho? Uyahlulela ukuthi iLizwi liqondile kumbe kaliqondanga. Njalo uba ungabeka eceleni yonke imfundiso yakho yabantu, lokungakholwa kwakho konke, konke othi wakwenza, ngakho usulolwazi ke lokukholwa ukuthi uNkulunkulu kangeke aqambe amanga. “Ilizwi lomuntu wonke kalibe ngamanga, kodwa eLami kalibe liqiniso.” Bona? Manje ke ususiba lolwazi. Lolo lulwazi oluphezulu. Akudingakali ukuthi ube lamadigri amane kweyinye ikolitshi, kumbe okunye okunjalo, ukuthi ubelakho, ngoba wonke lawa mandla uwaphiwa nguNkulunkulu, ukubeka phezu kwesisekelo sokholo lwakho, khona ungafika kusimo esigcweleyo esiqotho, somuntu kaNkulunkulu ophilayo. Yebo, mnumzana.

161 Ngezelela, ngezelela ulwazi, ngoba, ulwazi lweLizwi Lakhe. Kufanele ukukholwe ngalindlela. Njengokuthi, kumele ukholwe lamuhla ukuthi i . . . futhi ukwamukele, ukuthi insuku zezimanga kazidlulanga. Ulwazi lokuthi lokho uNkulunkulu akukhulumayo, uNkulunkulu uyenelisa ukukwenza.

162 UAbrahama wakukholwa lokho. Futhi eseleminyaka yokuzalwa elikhulu, kathandabuzanga kusithembiso sika Nkulunkulu ngokungakholwa. Khangelani ukuthi iLizwi lelo lakhanya lihlekisa njani. Nansi indoda, eleminyaka yokuzalwa elikhulu, ekhangelele ukuthi kuzalwe umntwana emzini wakhe, ngowesifazane oleminyaka yokuzalwa engamatshumi ayisificamunwemunye. Bona? Phose iminyaka engamatshumi amahlanu isidlulile ukuthi azale, wahlala laye kusukela eyi—eyintombazana encane, kumbe umnyaka wabontanga. Futhi nangu lapha, isifula sempilo yakhe sasesifile. Futhi isibeletho sika Sarah sasesifile. Futhi wonke amathemba ayesephelele, uba sikhangele okwethemba. Kodwa, kunjalo, kungela themba,

wakholwa ethembeni, ngoba waye lolwazi lokuthi uNkulunkulu wayesenelisa ukugcina konke Akuthembisayo.

¹⁶³ Khathesi, nxa ukuthole kanjalo, ngakho kwengeze lokho ekukholweni kwakho. Uba ulamandla aqotho, angezelele ekukholweni kwakho. Nxa ungangambha phandle lapha esitaladini, uphile njengo mKhristu, uziphathe nje ngomKhristu, ube ngumKhristu, yengezelela lokho ekukholweni kwakho. Nxa ulolwazi. . .

¹⁶⁴ Wena uthi, “Awu, kangikwazi khathesi ukuthi *luMbhalo* uqondile nje. Khathesi nansi ke iMisebenzi 2:38, kangikwazi ukuthi ngihambe ngakuwo njani loMisebenzi 28:19. Kangikwazi.” Kulungile. Wena kawe—kawengezi lutho, ngoba kawukabi Lakho. Bona? Uzakwenzani? Ngoba, kawulalwazi olweneleyo ukuthi ubekwazi ngoNkulunkulu, okwakhathesi, ukuthi iBhayibhili kaLiziphikisi. Litshiye linjalo. Ungasakhulumi okunye ngalo. Bona? Litshiye linjalo.

¹⁶⁵ Kodwa nxa ungabona ukuthi uMbhala kawuziphikisi, ukuthi ungakutsho lokho; njalo ungabona, ukuthi, ngesambulo sika Nkulunkulu, iLizwi lonke libhalwe ngemfihlakalo, njalo ulwazi lukaNkulunkulu kuphela lunga Liyambula; ngakhoke lapho ufika njalo uthi, usabele lonke iLizwi lika Nkulunkulu ngo “ameni,” ngakho yengeza lokho ekukholweni kwakho.

¹⁶⁶ O, usufika ekubeni yindoda elungileyo sibili okwamanje. Bona? Usukhwela phezulu, bona. Ngani? Ngokholo, njalo lamandla, lolwazi. Bona ukuthi kumakha njani lumuntu? Uyabona ukuthi akula—akula ndlela yokukubalekela. Leyi yindlela yokuba sesimeni esigcweleyo sika Khristu. Yebo, mnumzana.

¹⁶⁷ Ukwahlulela, ukwahlulela kuhle. Ukwahlulela ukuthi kuqondile kumbe akuqondanga, ukukholwa iLizwi likaNkulunkulu. Ukwahlulela ukuthi kuqondile kumbe akuqondanga, ukuthi kufuze ngilandele isivumokholo kumbe ngilandele uNkulunkulu. Yahlulela ukuthi kuqondile kumbe akuqondanga, kumele ngizalwe kutsha kumbe ngibe ngijoyine ibandla nje. Lapho ke usuqalisa. Yahlulela kuhle, lapho umtshumayeli esithi, “Insuku zezimanga sezadlula.” IBhayibhili lathi, “uJesu Khristu ofananayo izolo, lamuhla, lanininini.” Manje wena uzakholwa kuphi?

¹⁶⁸ Lapho usithi, “Ngizathatha uNkulunkulu.” Manje, kawukutsho lokho njengokukhuluma nje, “Kulungile, ngi—ngiyakuthatha,” kusuka nje enhliziyweni yakho. Kodwa, okuthile kuwe, ukholo lwakho luyasukuma khonapho. Nanko ke. Ukholo lwakho luthi, “Ngiyakwazi ukuthi uyafanana. Ameni. Ngimfakazile Yena ukuthi Uyafanana. Akulalutho olungakususa kimi. Ngiyakwazi ukuthi Uqotho.” Ameni. Ubususengeza ke lokho ekholweni lwakho. Kubeke phansi

esisekelweni. Usukhwela phezulu khathesi, uyakhwela phezulu usiza eMbusweni. Usufike esigabeni khathesi. Kulungile.

¹⁶⁹ Manje, into elandelayo, umtshumayeli uzakutshela, labanye abantu abanengi bathi, “I. . . Izinto lezi ozibala eBhayibhilini, zazinge zesinye isikhathi. Khathesi, ngizakutshela isizatho. Ngoba, kasizidingi lezozinto lamuhla. Kasizidingi. Bona? Akumelanga. Akudingi ukuba senze lezo zinto, ukusiliswa nguNkulunkulu. Kasikhulumi ngendimi, ebandleni, ukuze—ukuze ibandla lihlale liqondile. Futhi kasenzi *lokhu*.”

¹⁷⁰ Sizafika kulokho. Ngilo Mbhalo engiwubhale phansi lapha ngalokho, bona, ukuthi sikwenze yini khathesi kumbe hatshi, khathesi.

¹⁷¹ Kodwa lapha wathi, “Kangikwazi. Akumelanga senze lokho lamuhla. Into kuphela engicabanga ukuthi kumele siyenze, kufuze sifunde ukukhuluma kuhle nxa siphambi kwabantu. Kumele sihambe njalo kudokotela wengqondo ahlole ingqondo zethu, ukuze abone ukuthi sizenelisa yini ukwenelisa ukuzibeka, kumbe ukukhalipha kwethu kuphezulu yini ukuthi sikwenze, loku—lokunjalo futhi. Ngicabanga. . . Futhi sibambe imbuthano enkulu kakhulu. Siyakhe inhlanganiso yethu.”

¹⁷² Kasiyakhi inhlanganiso. Kangilapha ekuseni lokhu ukuzokwakha inhlanganiso. UKhristu kangithumanga ukuthi ngakhe inhlanganiso. UKhristu wangithuma ukuthi ngakhe umuntu ngamunye baze bafike kusimo sikaJesu Khristu, ukuze babe yindlu yamandla lendawo yokuhlala uMoya, ngeLizwi Lakhe. NgeLizwi Lakhe, bona, ukwakha umuntu aze afike kuleyondawo. Hatshi ukwakha inhlanganiso ukuthi ibe yinhlanganiso yenkolo enkulu, kodwa ukwakha umuntu ngamunye babe ngamadodana lamadodakazi kaNkulunkulu. Yiwo umqondo. Bona? Yengezelela ekukholweni kwakho, amandla; emandleni akho, yengeza ulwazi. Kuhle, khathesi usufika endaweni.

¹⁷³ Khathesi nxa beqalisa ukuthi, “Kuhle, akudingi samukele lokho lamuhla. . .” Kumele ukwenze. Kumele kube njalo.

¹⁷⁴ IMbhalo ngeke iqambe amanga. “Futhi Kayila ncazelo ensitha,” latsho iBhayibhili. Wena Kukholwe kuphela ngendlela Okubhalwe ngayo Lapho. Bona? Kumele ubelazo lezizinto. Futhi indlela kuphela ongenelisa kuphela ukuba lakho, yikuba lolwalzi oluzalwa eZulwini. Futhi uLwazi oluzalwa eZulwini luzaqinisa iLizwi. Bona?

¹⁷⁵ Kumele ukholwe, hatshi ukukukholwa ukufanisela khona. Akula kulokhu okufanisela ukholo, bona, ungazama ukuthi, “ngikutholile.” Ungabi yinyoni emnyama ezifaka insiba zephikhokho, bona, ngoba zizahle zikhithike. Kazimilanga okwemvelo zabakhona. Zihlonyiwe.

¹⁷⁶ Ngicabanga lapho uDavida owathi, amaHubo 1, “Uzakuba njengisihlahla esihlanyelwe emifuleni yamanzi.” Uyazi,

kulomahluko ukuhlanyelwa lokugxumekwa, ukunamathiselwa. Njengesihlahla esidala somu okhi, sihlanyeliwe, uyathandela usehla njalo uyabamba kakhulu. Okuyisigodo okuncane okudala kuhlonyelwe khonapho, kawukwazi ukuthi kuyini okuza kwenzakala kukho. Akulampande. Akula sisekelo. Bona?

¹⁷⁷ Kuyafanana labanye abantu abavela esikolo sabafundisi kumbe okuthile, bona. Kabala. . . “Awu, uDokotela *Zibani-lo-zibani* ungicobile kunkonzo.” Akwenzi mehluko ukuthi lokho kwakuyini.

¹⁷⁸ UKhristu wakuzalela kukho, bona, bona, ngokholo lwakho. Bona? Uguquliwe wazalelwa kukho. Futhi ngemva kokuzalelwa kukho, lezi yizinto Azikhangelela ukuthi uzengezelele. Qhubeka nje uzengezelela. Khathesi sesisehla ngomzila.

¹⁷⁹ Khathesi kuzakuba lokunye kulolulwazi, esingakhuluma ngakho, ulwazi lobunkulunkulu. Bona? “Kulolusuku iBhayibhili selilahlekelwe yini ngumutsho Walo?” Bona, bona, abantu abanengi bayakutshela khonokho, ukuthi iBhayibhili kalitsho khonokho sibili. Uba uNkulunkulu engikhangela, futhi engiqondisa esonweni sami, futhi uba ngiyi ndodana kaNkulunkulu, Uyakwenza khonokho. Uyakwenza lawe ngaleyo ndlela, amadodana la [Indawo engelalutho kuthephu—Mhl.] madodakazi. Lapho usenza ulutho olubi, Uyakuqondisa. Ngakho uba uNkulunkulu ezihlupha ngawe, okokuthi Uyakuhangela futhi akuqondise, kangakanani ke Yena iLizwi Lakhe, eliyisibonelo sakho, elinguqobo Lwakhe!

*Ekuaqaleni kwaku iLizwi, futhi iLizwi lalilo
Nkulunkulu, futhi iLizwi lalinguNkulunkulu.*

*Futhi. . . labayinyama, njalo lahlala phakathi
kwethu. . .*

¹⁸⁰ ILizwi yisambulo sikaJesu Khristu, litsho njalo iBhayibhili, uKhristu esanjulwa eLizwini Lakhe. Futhi uba Ekukhangela nxa usephula leyi imilayo, Uyakucala ngesenzo leso, Uwukhangele kangakanani umlayo Wakhe okucalayo! Amen!

¹⁸¹ Qhubeka phambili, mfana, ungangitsheli leyonto!

¹⁸² Ngiyakholwa kulwazi oluqotho, luka Moya oNgcwele. Ulwazi luka Moya oNgcwele luyavuma lonke iLizwi ngo “ameni.” Lapho uthola lezizinto ezikhanya ngani ziyaphikisana, eBhayibhilini, uyahlala phansi njalo ukuhlolisise, njalo uthandaza kanjalo. Futhi into yakuqala uyazi, uMoya oNgcwele uyaqala ukungena. Ngemva kwesikhathi uyakubona kungenelana ndawonye, njalo nanko usulakho. Bona? Yilo ulwazi.

¹⁸³ Abanye babo bathi, “Awu, khathesi, iBhayibhili lathi Uyafana izolo, lamuhla lanininini.”

¹⁸⁴ Futhi ibandla lithi, “Ngomqondo othile, Uyafana.” Huh-uh! Huh-uh! Usuvule isikhala, khonapho. Bona? Yebo, mnumzana. Hatshi, mnumzana. Uyafana. Yebo, mnumzana.

¹⁸⁵ “UJesu Khristu uyafana izolo, lamuhla, lanininini.” Akula mehluko Kuye, ngitsho. Uyaphila eBandleni Lakhe, esenza into efanayo. “Kuse yisikhatshana,” njengoba ngitshilo isikhathi esincane esidlulileyo, “kuse yisikhatshana futhi umhlaba kawusoze ube usaNgibona, kodwa lina lizaNgibona.” Ngoba, Yena wathi, “Ngizakuba lani, njalo lakini, kuze kubesekucineni komhlaba.” Futhi, Wathi, “Imisebenzi engiyenzayo lani lizayenza.” Njalo, Wathi, “Ngizaba liVini. Lina lizaba zingatsha.” Futhi ugatsha luphila kuphela ngeMpilo yeVini. Loba yikuphi okukuVini kuyaphuma ngogatsha. UDumo! Ngakho, “uKhristu ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.” Kuyaletsa iMpilo yeNkosi uJesu Khristu. Ameni.

¹⁸⁶ Ulwazi; hatshi olomhlaba (lusebenzisa ingqondo). Loba yiluphi ulwazi lomhlaba luyasebenzisa ingqondo. Bona? Kodwa ukholo kalula kusebenzisa ingqondo. UNkulunkulu uyakwambulela into *ethile-ethile* izakwenzakala, yonke ingcwethi yezesayensi esemhlabeni ingakutshela, “Kuyaphikisana. Akungeke kwenzakale.” Uyakukholwa, loba kanjani. Bona? Yebo, mnumzana. Alusebenzisi ingqondo. IBhayibhili lathi, “Siyaphosela phansi ukusebenzisa ingqondo.” Awusebenzisi ingqondo ekukholweni. Ukholo alula kusebenzisa ingqondo. Ukholo luyazi lapho olukhona. Ukholo luyenza. Ukholo luyabambeleva. Kalungeke lunyikinyeke. Akulalutho olungalunyikinya. Kangilandaba ukuthi kuyini *lokhu, lokhuyana, lokunye*. Kalunyikinyeki, lakancane. Luyahlala khonapho, luyalinda, linda, linda, linda. Akwenzi ngitsho umahluko. Kuhlala khona lapho.

¹⁸⁷ UNkulunkulu watshela uNowa lezizinto zizakwenzakala. Wakukholwa. Bona? UNkulunkulu watshela uMose lezizinto zizakwenzakala. Wakukholwa. UNkulunkulu watshela abafundi izinto ezithile zizakwenzakala, “Hambani phezulu le ePentekhosti liyelinda.” Bahlala khonapho. Yebo, mnumzana. Kulungile.

¹⁸⁸ Manje, ulwazi, manje, hatshi ulwazi lomhlaba, kodwa lulwazi lwase Zulwini. Futhi ulwazi lwase Zulwini, lapho uNkulunkulu engumthombo walo lonke ulwazi, futhi uNkulunkulu uliLizwi, ngakho, nxa ulolwazi lwase Zulwini, uyakholwa iLizwi, futhi yonke into uyayihluza ngeLizwi.

¹⁸⁹ Futhi loludaba lomthelo ibandla elibe lingene kulo, kumbe ngibe ngikulo. Omunye wamadoda kwesinye isikhathi, kudale elincane, wangitshela. Wathi, ngathi... “Akulalutho olubi abalutholayo.” Futhi baqalisa uku... .

190 Ngathi, “Awu, ngakhoke, uba kungelanto engaqondanga, kungani lingasuki ngemva kwami?” Bona? Bona? Futhi ngaqhubekela phambili, ngimtshele ngeminye iMibhalo.

191 Wathi, indoda enkulu ilomhlanga wegwayi esandleni, wathi, “Mnu. Branham, ngiyisifundi seBhayibhili.”

Ngathi, “Ngiyajabula ukuzwa lokho.”

192 Wathi, “Khathesi ngifuna ukubakwazi ukuthi lokhu okwama salamusi, okuhlawulisela amahenki lawa owathumezayo, lawo amasalamusi amancane okuthandazela amahenki lawa ubusu wathumela, wona ‘amalembu agcotshiweyo,’ uwabiza usithi, ‘lembu.’” Wathi, “Ngakho uyakuhlawulisa lokho.”

Ngathi, “Hatshi, mnumzana. Akula nhlawulo kikho.”

Futhi wasesithi, “Kulungile, kulawa amasalamusi.”

193 Ngathi, “Ukubiza usithi ngamasalamusi, mnumzana. Ungitshelile imizuzu emlutshwana edlulileyo ukuthi uyisifundi seBhayibhili.”

Wathi, “Ngiyiso.”

194 Ngathi, “Ngitshele amazwi akuMisebenzi 19:11.” Ulwazi! Wahle wazibambisa kukho, wazama ukutshintsha indaba. Ngathi, “Ngitshele ke amazwi akuJohane 5:14.” Kazange akwenze. Ngathi, “Ngakho uJakobe 5:14.” Kazange akwenze. Ngathi, “Uyamazi uJohane3:16?” Bona? Ulwazi, ukukhalipha, umhlaba! Kodwa lapho. . .

195 Wathi, “Kodwa, Mnu. Branham, uzama ukuthonisisa loludaba ngeBhayibhili. Thina siluthonisisa ngemithetho yesizwe.”

196 Ngathi, “Mnumzana, kanti imithetho yesizwe kayisekelwanga yini eBhayibhilini? Ngakho yikulunga.” Ameni! Ngakho kuyikulunga.

197 Ulwazi; hatshi olomhlaba. Ulwazi lukaMoya olweLizwi, ukwazi ukuthi uNkulunkulu wathini, uyenze okwakhulunywa nguNkulunkulu, kulungile lokho. Ngakho uba usulakho lokho njalo ukholwa zonke lezizinto, ukuthi Uyafana kuzo zonke lezizinto iLizwi lithi kuliqiniso, uyalivuma lonke ngo “ameni” Kulungile konke. Ngezelela lokho ekholweni lwakho. Konke lokho kulungile. Yebo.

198 Uba omunye ezama ukukutshela, ukuthi, “IBhayibhili selilahlekelwe ngamandla alo. Akulanto ethiwa lubhaphathizo luka Moya oNgcwele.” Huh-hu. Ungangezeleli lokho. Akusoze kusebenze. Kuzakuwa. Njengokufaka umdaka edwaleni, akuyikuma. Kuzawohloka.

199 Ngakho abantu bayakutshela, “IBhayibhili ngeke lithenjwe namhlanje. Unanzelele khathesi. Ungahambi ukholwa lokho. Alingeke libe liqiniso.” Selakuzwa lokho sonke isikhathi.

Umutsho omncane, “Kawungeke ulithembe iBhayibhili.” Awu, uba—uba ulakho lokho engqondweni yakho, kawu—kawuzami ukukungezelela, ngoba akusoze kusebenze. Isakhiwo sonke siyawohlokela phansi khonapho.

²⁰⁰ Kumele ibanjaniswe nguMoya oNgcwele. Ngitsho ukunamathela ndawonye, ngomdaka olinamathiselayo. Futhi into efananayo ekunamathiselayo. . . Uyayazi indlela . . .

²⁰¹ ITshubhu ephuma emlilweni ivele ihlala isikhathi eside ukwedlula leyo efakwe isigamba esidala. Ukutshisa okuncane kungafika esigambeni sethaya, into yakuqala uyazi, ithaya lelo lenze litshise kancane, ungezelele ukugijima, njalo sizancibilika siphume. Yebo, mnumzana. Bona?

²⁰² Futhi yilo uhlupho ngabantu abanengi namuhla. Bayazama ukunamathisela ulwazi lwabo kulwazi lomhlaba, ngeglu encane endala eyomhlaba, njalo, lapho izilingo zibuya, “Awu, mhlawumbe ngibe ngiphambanisile.” Bona? Futhi umoya uyaphuma, uyapontsha imizuzu emilutshwana. Konke ukuhlaba umkhosi kwakho lokweqa phezulu-la-phansi akukuncedanga lutho. Abantu bayakubona usubuyelile emadakeni afananayo njalo. Bona? Kuqondile lokho.

²⁰³ Kodwa ungahlala khonapho lokutshisa okweneleyo kukaMoya oNgcwele, uze ukwenze wena letshubhu libe munye. Yikho lokho. Wena letshubhu liba munye. Lapho ungahlala khona kuze kuthi wena lezithembiso zonke zika Nkulunkulu libe munye, ngakho ngezelela lokho ekholweni lwakho. Ungayekela, ungakungezeleli ngitsho.

Uthi, “ILizwi ngeke ulithembe.” Ungazami ukungezelela lokho.

²⁰⁴ Uthi, “Izithembiso ezilapha, ezobhaphathizo luka Moya oNgcwele, zazi ngezabafundi abalitshumi lambili kuphela,” njengokutsho kwamanye amabandla lamuhla, ungazami ukungezelela lokho. Yikho lapho okulesisekelo sabo khona, konke kuwohlokile. Bona? Njengo Uziya, izolo ebusuku, lapho ebona isisekelo salindoda owaye eyithembile, konke kuwohlokela phansi, watshaywa yibu lepero, kwakungasekho kuhle. Manje, “Kubafundi nje abalitshumi lambili, abafundi abalitshumi lambili kuphela.”

²⁰⁵ Ngangi phansi kuMfowethu Wright. . . Ngicabanga ukuthi basemuva ngale kweyinye indawo. Ngobunye ubusuku, Kwaku lomtshumayeli phansi le, ngangi khuluma, abatshumayeli abane kumbe abahlanu bebonke. Lumtshumayeli wasukuma njalo wasesithi, “Khathesi, ngifuna ukulitshela okuthile lina bantu abathandekayo. O, ngicabanga ukuthi lingabantu abalungileyo.”

²⁰⁶ Ngathi, ngatshela omunye, ngathi, “Ngu—ngulowana omunye ohlezi laphayana. Khangelani.”

207 Ngakho, uJunior Jackson, emuva le, eseqedile ukukhuluma. Futhi wathi... wayetshumayela ngomusa kaNkulunkulu. O, mina!

208 Wayesitsha, elindile. Waya phezulu lapho futhi wayezama ukuzwisisa. “Khathesi, ngifuna ukuthi ngithi uMnu. Branham olapha, ngiyalitshela, ungumphiku khristu.” Futhi waqalisa njalo, ubusuku bonke.

209 Abanye abatshumayeli baqalisa... Ngathi, “Manini okomzuzu. Khathesi, lingatsho lutho, bazalwane. Yena uyedwa futhi thina siliqembu.” Ngathi, “Umtshiyeni enjalo khathesi. Ungiqalile.” Ngangi kufuna, mina, kakubi, ngangi ngakwazi ukuthi ngenzeni. Bona?

210 Ngakho, wathi, “uMnu. Branham ungumpiku khristu,” futhi waqhubeka ekhuluma konke liyazi, mayelana ngakho. Wathi, “Wathi lapho, ‘Umbhaphathizo kaMoya oNgcwele.’” Wathi, “iBhayibhili lathi kulabalitshumi lambili kuphela abathola ubhaphathizo lukaMoya oNgcwele.” Sikhuluma ngokusiliswa nguNkulunkulu, “Abafundi abalitshumi lambili kuphela babe lokusilisa kukaNkulunkulu.” Wathi, “Sikhuluma lapho iBhayibhili elikhuluma khona, njalo sithule lapho iBhayibhili elithule khona.” Ngamelela waze waqeda ukukhuluma ekhenceza okwesikhathi esingafika phose ingxenye yehola.

211 Ngathi, “Akume okomzuzu. Ngibhale phansi okunengi lapha,” Ngathi, “akungiphe ithuba lokuthi ngiphendule okunye.” Futhi sengisukumile, ngathi, “Umnumzana lowu, uthe ‘ukhuluma lapho iBhayibhili elikhuluma khona,’ ibandla lakhe lenza njalo, ‘futhi bayathula lapho Elithule khona.’ Lonke lingabafakazi. ‘Yebo.’” Ngathi, “Khathesi, uthe ‘Kulaba litshumi lambili kuphela abamukela uMoya oNgcwele.’ iBhayibhili lami lithi babelikhulu lamatshumi amabili, yilo uhlamvu lakuqala.” Ameni! Phosela ulwazi olunjalo, uyabona, lokho akade ekuzama.

212 Ngathi, “Ngakho ngicabanga ukuthi uPhawuli kamukelanga uMoya oNgcwele lapho esithi wawamukela.” Bona?

213 Ngathi, “Phansi e...Lapho uFiliphu esehla njalo watshumayeza amaSamariya. Babe bhaphathizwe eBizweni lika Jesu. Kuphela, uMoya oNgcwele wawu ngakayehleli phezu kwabo. Futhi bathumele futhi bathola uPhetro futhi loJohane, beza futhi babeka izandla phezu kwabo, futhi uMoya oNgcwele wayehlela phezu kwabo. Ngicabanga ukuthi yibo bodwa abalitshumi lambili?”

214 Ngathi, “KuMisebenzi 10:49, lapho uPhetro ephezu kophahla lwendlu, futhi esebone umbono wokuthi babesiya kuKhoniliyasi! Lapho uPhetro esakhuluma la amazwi, uMoya oNgcwele wehlela kibo ababezwe iLizwi.” Ngathi, “iBhayibhili lilokhe likhuluma. Lingaphi ke ibandla lakho?” Lisele emuva

kulokho okucatshangwa ukuthi kuzaba khona. Kuqondile lokho. Bona?

215 Ngathi, “Ukusilisa kukaNkulunkulu, wena uthe, ‘Abapostoli abalitshumi lambili kuphela yibo ababelokusilisa kukaNkulunkulu.’ IBhayibhili lathi UStefani wehla waya eSamariya futhi waxotsha odeveli futhi wasilisa abagulayo, futhi kwaba lokujabula okukhulu edolobheni. Futhi waye ngasuye omunye wabalitshumi lambili. Waye ngasuye umpostoli. Waye ngumdikoni.” Ameni. Ameni.

216 Ngathi, “Futhi uPhawuli waye ngasuye omunye wabalitshumi lambili ababe sendlini ephezulu, futhi waye elesipho sokusilisa kukaNkulunkulu.”

217 Ngathi, “Khangela nje izipho zokusilisa! Futhi kuqhuba kusiya, iminyaka engamatshumi amathathu eyalandelayo, wayelokhe eseKhorinte, egcoba isipho sokusilisa kukukulunkulu eMzimbeni kaKhristu.” O, mina!

218 Khathesi, uhlobo lolwazi lolo olufunda kwelinye ibhuku, kungcono uluphosele egabheni lezibi. Woza kulolulwazi. Lapho uNkulunkulu esithi, “Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini,” wothi, “Ameni.” Yebo, mnumzana. Yebo, mnumzana. Hatshi kwabalitshumi lambili; ngokwabantu bonke. Ungathola uhlobo olunjalo olo—olokholo, lapho ukholo lwakho lusabela, konke, ngo “ameni,” khonapho ungathi, “Kulungile,” ngezelela kulokho.

219 Okwesine. Kuzamele sigijime, ngoba ngi... Kuhle ukuma lapha njalo ukhulume ngakho. Ameni. [Umzalwane uthi, “Siyakholisa.”—Mhl.] Yebo. Okwesine... Ngiyabonga.

220 Ngezelela “ukuzithiba.” O, mina! Sesifikile ekuzithibeni. Manje, ube lokholo, kuqala; kumele ube lalokho, ekuqaliseni. Ube usungezelela amandla ekholweni lwakho, uba kuluhlobo oluyilo lwamandla. Ube usungezelela ulwazi, uba kuluhlobo oluyilo lolwazi. Khathesi usuza ngezelela ukuzithiba.

221 Ukuzithiba akutsho, “ukwekela ukunatha utshwala,” lapha, kumbeni. Hatshi, hatshi. Ukuzithiba akutsho ukwelatshwa ekubeni yisidakwa, hatshi kulokhu. Lokhu yikuzithiba okweBhayibhili, ukuzithiba kuka Moya oNgwele. Lokho ngokunye nje kwenkanuko yomzimba, kodwa sikhuluma ngokuzithiba kuka Moya oNgwele. Lokho kutsho ukuthi, ukubamba okwenza ulimi lwakho, hatshi ukuba ngohlebayo; ukubamba ulaka lwakho, ungaphophoti sonke isikhathi lapho omunye ekhuluma kubi kuwe. O, mina!

222 Mfana, inengi lethu sizakuwa singakaqalisi, kasisoze yini? Bona? Ngakho siyamangala ukuthi kungani uNkulunkulu engekho eBandleni Lakhe, esenza izimanga lezinto ababezenza. Yebo, mnumzana. Bona?

223 Ngezelela lezizinto. Ngezelela ukuzithiba kikhoh. O, ukuzithiba, ukuphendula ngomusa nxa umuntu ekhulume kuwe ngolaka. Omunye engathi, “Lina qembu lezigiqiki ezingwele phansi lapha!” Ungeqi ubusukhweza imikhono yakho manje. Bona? Hatshi lokho. Kodwa khuluma ngothando lobunkulunkulu, ukuzithiba, umusa. Yiyo indlela ofuna ukuba yona? [IBandla lithi, “Ameni.”—Mhl.] Nxa ukhulunyelwa okubi, kawuphenduli ngokubi. Menze Abe yisibonelo sakho.

224 Lapho besithi, “Uba UyiNdodana kaNkulunkulu, guqula amatshe lawa abe yisinkwa,” Waye engakwenza, njalo etshengise ukuthi UnguNkulunkulu. Kodwa Waye elokuzithiba. Lapho Bembiza besithi, “Belizebhubi,” Yena wathi, “Ngizalixolela kukhona lokho.” Kunjalo yini? Basiphuna indevu ezigwala isandla ebusweni Bakhe, futhi bakhafulela ubuso Bakhe, futhi bathi, “Yehla esiphambanweni!”

225 Yena wathi, “Baba, bathethelele. Kabakwazi abakwenzayo.”

226 Lapho, Elesipho, Wayesazi zonke izinto, ngoba Kuye kwakulo kugwala kobuNkulunkulu emzimbeni. Babembonile Esenza izimanga, ngokutshela abantu okwaku phambanisekile kibo, lokunjalo futhi kanjalo. Bathandela ilembu ekhanda Lakhe, bavala amehlo Akhe, futhi Bamtshaya ekhanda ngesigodo, futhi bathi, “Profitha, sitshele ukuthi ngubani Okutshayileyo. Siza Kukholwa.” Bona? Waye lokuzithiba.

227 Manje, uba ulakho kanjalo, kungezelele ekukholweni kwakho. Uba ulokhu ukhamuluka njalo uphophota, futhi ukhathazeke, futhi uxabane, futhi uqhubeka phambili, huh-uh, kawula... Kawungeke ungezelele lokho, ngoba akusoze kungezelele. Bona? Akubambani. Kawungeke uthathe isiqephu serabha, uyazi, futhi usibambanise lensimbi. Akusoze kusebenze. Hatshi, kumele kube buthakathaka, njenge rabha. Bona? Futhi lapho ukholo lwakho lokuzithiba kwakho kusiba luhlobo olufananayo lokuzithiba kuka Moya oNgcwele aye Lakho, ngakho kuzabambana Laye. Wengeziwe kukho.

Lapho amandla akho efanana lamandla Akhe, ngakho kuzangezelela kukho.

228 Lapho ulwazi lwakho lufanana lolwazi Lwakhe, “Ngibuyile ukuzoyenza intando Yakho, O Nkulunkulu.” Bona? NgeLizwi likaBaba, wanqoba bonke odeveli. Izulu lomhlaba kuza kwedlula, kodwa iLizwi kalisoze. Bona? Lapho ulolwazi olunjalo, luzabambana lokholo lwakho.

229 Lapho ulokuzithiba okuqondileyo, njenga lokho Ayelakho, kuzabambana. Uba ungelakho, ulokwenziwe ngumuntu kunga phelelanga, ukholo olumanzisiweyo, kumbe ukuzithiba, “O, kumele ngimwankale, kodwa—kodwa mhlawumbe kungcono ngiyekele, ngoba bengafaka ibizo lami ephepheni ngenxa yakho.” Lolo kayisilo hlobo lokuzithiba Akhuluma ngalo. Ungazami ukungezelela lokho. Akusoze kusebenze. Kodwa

ungenelisa okweqiniso, ngokuhlabusa okuvela enhliziyweni yakho, uxolele wonke umuntu, uzithulele, uyekele kwedlule, bona, ngakhoke konke kuzabambana. Ungangezelela lokho ekholweni lwakho. Whew!

